

INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL OBAMBILE UDKT SIBONGISENI DLHOMO EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO U-P487 KWACEZA NGOLWESINE MHLAKA 09 DECEMBER 2010

Mphathi wohlelo;

Amalungu eSishayamthetho Akhona;

Amakhosi aseNdunkulu;

Imeya yoMkhandlu;

Amakhansela;

Izinduna;

Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;

Amalungu ezinhloko esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;

Abezindaba;

Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Mangiqale ngokuthatha leli thuba ngidlulise ukuxolisa egameni likazakwethu uNgqongqoshe uMacingwane obenesifiso sokuba yingxenywe yalo mcimbi azokhuluma nani kodwa ngenxa yezimo ezingaphezu kwakhe akakwazanga ukuphumelela.

INhloko yoMnyango isikwazile ukusivezela kafushane ukuthi yini uHulumeni wethu asebenzile nasazoyenza kule ngxenywe yesifundazwe uma kukhulunywa ngengqalasizinda yezokuthutha. Siyabonga Nhloko yoMnyango nakubo bonke abasebenzi boMnyango abasebenza ngokuzikhandla ekuletheni izindingo kubantu besifundazwe sethu. Lokhu kukhomba kona ukuthi sinoHulumeni ongagcini nje ngokukhuluma kodwa owenzayo – sihlale sikufeza lokhu esizibophezele kukona.

Yinto esiyaziyo ukuthi uma izimali zingafinyeleli emiphakathini emazingeni aphantsi zenze umehluko ezimpilweni zabantu abampofu – abayiningi lezakhamizi nabavoti bethu – kuyobe njengohulumeni sehlulekile emsebenzini esithunye wona ngabantu balesi sifundazwe.

Kuyiqiniso futhi ukuthi amabhuloho nemigwaqo yikona okuyisisekelo sokwenza ngcono impilo yabantu bakithi, ikakhulukazi ezindaweni zasemakhaya. Emiphakathini lapho sekulethwe khona le ngqalasizinda, abantu babonga bangaphezi ngokuthi ekugcineni isifundazwe sesinoHulumeni okwazi ukuphendula ezidingweni zabantu.

Kafushane nje engiqonde ukukusho lapha ngokuthi baningi ohulumeni bobandlululo asebakha badlula eNingizimu Afrika, kodwa kuyaqala emlandweni wesifundazwe sethu ukuthi sibone izimpilo zabantu ziba

ngcono ngalolu hlobo. Umgwaqo nebhuloho yizinto eziyigugu ngendlela eyisimanga kumuntu ongakaze ezwe ukuba lula kwempilo uma unako. Lapha-ke niyazi nonke ukuthi sisho ukuthini ngalokhu ngoba senike nakuzwa ukushaywa indiva iminyaka engekho oninakile.

Niyazi ukuthi manje seniyakwazi ukuya emsebenzini, ezikoleni, ezitolo, emitholampilo noma nivakashelae izihlobo nanabangani, ngoba uHulumeni wenu usenzele kwaba lula lokho ngokwakha ingqalasizinda yomgwaqo. Siyazi ukuthi lokhu kusho ukuthini kinina futhi siyajabula ukuthi nikwazile ukukhetha uHulumeni oqonda futhi anake izidingo zenu.

Lapha endaweni yasoLundi sesibone kaningi ukuthuthukiswa kwemigwaqo nosekwenze ngcono impilo kule ndawo. Imiphakathi eminingi endaweni yasoLundi manje ijabulela ukufinyelela ezindaweni lapho abantu abahlala emadolobheni nasemalokishini bekuthatha kalula nje.

Isibonelo nje, abantu sebekwazi ukuhamba ngezinyawo noma ngezimoto ukuyongcwaba abathandiweyo babo, ukuyothola imali yempesheni, ukuthola ukusizakala eziteshini zamaphoyisa, ukuhambisa izingane esikoleni, ezibhedlela nasemitholampilo ngaphandle kokusaba izikhukhula emifuleni noma inkinga yokungabi khona kwemigwaqo ezobayisa lapho.

Sesiwabonile namathuba emisebenzi eya ngokwanda kulezo zindawo okwenziwa khona imisebenzi yengqala-sizinda yomgwaqo. Osonkontileka baku-Stage 1 lapha endaweni yas'Olundi sebehlo mule kakhulu baze bafinyelela ekutheni babe ngosonkontileka bezinkampani ezinkulu. Ezinye izinkampani zokwakha seziqashe abantu bas'Olundi ngokuphelele ngenxa yokuzinikela kwabo emsebenzini wabo nokuyinto esizigqajayo ngayo ukuthi niwathathela phezulu amathuba aqhamuka noHulumeni enamkhethayo.

Namhlanje silapha ukuzovula ngokusemthethweni isigaba sika-P487 osesifakwe netiyela. Ibangalalo mgwaqo lingu-32km futhi kanti lizodla isamba esingu-R115 million uma usuphelile. UMnyango usuqede ukwakha amakhilomitha angu-17 ngesamba sika-R62,4 million. Njengamanje siphezu komsebenzi wokuqedela u-10 km nozobe usuqediwe ngasekupheleni konyaka wezimali esikuwona ka-2010/2011. Sekudaleke amathuba emisebenzi angu-300 kusukela uqalile ukwakhiwa lo mgwaqo kwathi nosonkontilaki abaningi abasafufusa nabo bahlomula ngemisebenzi.

Ngakho-ke sithatha leli thuba ukubongela imiphakathi yas'Olundi nazeZululand yonkana ngazo zonke izinhlelo zentuthuko esizitholile nesazozithola. NjengoHulumeni ngaphansi kubuholi bukaMsholozikuzwelonke noKhabazela esifundazweni, siyaziqhenya ngani ngokusebenzisana noHulumeni ukwenza izimpilo zenu ukuthi zibe ngcono.

Thina singuHulumeni ozimisele ngokushintsha izimpilo zabantu. Esikucela kinina ukuthi nisibekezelele. Ningavumeli ukuthi kube nabantu abanifaka umoya omubi banenze ukuthi nilahlekelwe yithemba. Khumbulani ukuthi akukhona okokuqala ukuthi sibe nohulumeni emlandweni waseNingizimu Afrika naKwaZulu-Natal ikakhulukazi.

Ningakhohlwa futhi ukuthi ngesikhathi leli zwe lingena entandweni yeningi ngonyaka ka-1994, kwadingeka sibhekane nenselelo hhayi nje eyokulungisa ukungalingani kwaphambilini kuphela, kodwa kwavela nezinselelo ezintsha ezifana nobugebengu, ingculazi, ububha nokuntuleka kwemisebenzi, njll.

Kuyiqiniso ukuthi ezinye zezinselelo ezibhekene neKwaZulu-Natali kudingeke zithi ukulinda zaze zaqala ukuthi kubhekwane nazo ngonyaka ka-2004 ngenkathi lo Hulumeni oholwa i-ANC uthatha izintambo esifundazweni. Kodwa okungenani eminyakeni eyisithupha nje, njengoba bengishilo ekuqaleni, abantu bakithi sebephumela obala basho ukuthi sebeyalubona uguquko ezimpilweni zabo ngenxa yezinhlelo zentuthuko ezilethwa uHulumeni wentando yeningi.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba ukunibonga nonke njengomphakathi ngokufika ngobuningi benu ukuzozibonela ukuqopheka komunye futhi umlando ezimpilweni zenu. Ukufika kwenu kulo mcimbi kukhombisa ukuthi niyayamukela intuthuko eyenzekayo endaweni yenu. Ngiyakugcizelela lokhu ngoba kwezinye izindawo intuthuko ibanjezelwa yiwona umphakathi uqobo ngokupenda ngepolitiki izinhlelo ezilethwa nguHulumeni.

NjengoHulumeni okhethwe ngentando yeningi, uma siletha le misebenzi sisuke senzela umphakathi ngaphandle kokubheka ukuthi ungowaliphi iqembu lepolitiki. Kodwa ngifisa ukunxwayisa nani njengomphakathi ukuthi ningavumi ukusetshenziswa ngosopolitiki abasebenzisa ubuthakathaka benu ukuzizuzela bona.

Okumele nikwazi ngokuthi phela izinselelo esibhekane nazo ezweni lethu singabhekana kalula nazo ngaphansi kwezimo ezithile okuhlanganisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko. Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi. Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu akayifuni intuthuko.

Okokugcina, njengoba sekuqale isikhathi senjabulo kaKhisimusi okuyisikhathi sokuyaluzwa kwabantu ngezimoto ngenkathi kuvakashwa amagumbi womane esifundazweni sethu, siyazi ukuthi kuzokubakhona abathanda ukuziphatha ngendlela engamukeleki egcina isiholele ezingeni eliphezulu lezingozi zomgwaqo. NjengoMnyango wezokuThutha onomsebenzi wokuqinisekisa ukuphepha kwalabo bantu emgwaqeni, sizozhubeka nokuqinisa umgomo wethu ka-100% *compliance* okuhlanganisa nezinhlelo ezazisa futhi zifundise umphakathi wonkana ngezindlela ezifanele zokuziphatha emgwaqeni.

Ungaphuzi uhambe noma ushayele emgwaqeni ngoba ngokwenza kanjalo ubeka engozini impilo yakho neyabanye abasebenzisa umgwaqo. Utshwala behlisa izinga lokusebenza komqondo wakho ngendlela ejwayelekile. Uma kunesimo esiphuthumayo kuba nzima ukuphendula ngendlela efanele uma udakwe utshwala noma izidakamizwa. Uma ungumhambi ngezinyawo ungacabanga ukuthi imoto isekude bese uzama ukweqa umgwaqo ngokushesha, kodwa uthole ukuthi ukubona kwakho bekungasashayi khona ngenxa yokudakwa.

Nanjengoba sakha yona le migwaqo siyazi ukuthi sesisizakalisa labo bashayeli abathanda ijubane okuyinto edala izingozi. Yingakho size siphokeleke ukufaka izithiyo njengama-hump okuzophazamisa abagijimayo emigwaqeni yethu. Ngakho-ke siyanxusa kubo bonke abasebenzisi bomgwaqo ukuthi bahloniphe imithetho yomgwaqo benze okufanele. Siyagcizelela ukuthi **Alufakwa KwaZulu-Natal lubuya nesaphulamthetho!**

Ngiyabonga